Isingeniso

Isahluko sesi-4 soMthethosisekelo (Izigaba zama-59 nama-72) zibeka isibophezelo nomsebenzi phezu kwePhalamende ukuze kube yilo elibheka izindaba zokungena kanye nokubandakanyeka komphakathi ezinqubweni zemithetho nakwezinye izinqubo zePhalamende.

Isandulelo

Njengengxenye yohlelo lokwakha iPhalamende laBantu Elisebenzayo eliphendulayo ezidingweni zabantu neliqhutshwa yinhloso yokwenza ngcono izimpilo zabo bonke abantu baseNingizimu Afrika lenze isinqumo sokuqala inqubo yokusungula amaHhovisi ePhalamende Abhekelele iNtando yeNingi (aziwa nge-PDO) kuzo zosishiyagalolunye izifundazwe.

Kuze kube manje, sekusungulwe amahhovisi amathathu kulezi zifundazwe ezilandelayo: eLimpopo, eNtshonalanga Kapa kanye naseNyakatho Ntshonalanga kanye ne-Central PDO ezinze ePhalamende.

Umyalelo nomsebenzi wama-PDO

amaHhovisi ePhalamende Abhekelele iNtando yeNingi asungulwe ngenhloso yokuthi kube khona iPhalamende elizinzile, ikakhulukazi ezindaweni ezikwanja ayiphume, izindawo ezingenazo izinsiza ezanele kanye nemiphakathi engazitholi ngendlela izidingo zayo kuzo zoziyisishiyagalolunye izifundazwe, ngezizathu eziningi ezahlukene okuwudaba obelulokhu lusala ngaphandle ezingxoxweni kuzwelonke nasemiphakathini kanye nokuhlanganiswa kokubandakanywa nokubamba iqhaza komphakathi.

Izimpokophelo zama-PDO

- Ukwandisa ukufinyeleleka kwePhalamende, ukunika ithuba nendawo yokuthintana ngqo nezingxoxo eziqhubekayo nabantu abangabantukazana emiphakathini ngaphandle kwezinkulumo mpendulwano kuzwelonke.

- Ukuhlela ukubamba iqhaza nokubandakanyeka komphathi ezinqubweni zomthetho kanye nakwezinye izinto ezenzeka kuMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe namaKomidi awo kuzo zonke izifundazwe, ngokuhambisana nohlelo lesu lwePhalamende kanye nekhalenda yonyaka.

- Ukuqinisekisa ukwenyuka kwezinga lokusebenza; lomnotho kanye nezindlela ezisebenzayo emiphakathini kanye nokweseka izinhlelo zePhalamende.

Imisebenzi yama-PDO

Umsebenzi wethu:

- Ukuhlinzeka ngolwazi mayelana nePhalamende kanye nemisebenzi yalo
- Ukuba nezinhlelo zokufundisa nokuhlomisa umphakathi mayelana nezinhlelo zePhalamende
- Ukuhlinzeka ngenkundla yokuthi umphakathi ukwazi ukufinyelela, ukubandakanyeka nokubamba iqhaza ezinqubweni zePhalamende
- Ukweseka izinhlelo zePhalamende
- Ukuhlela sixhumane siphinde sibambisane nezinye izinhlaka zikahulumeni

Izinhlelo zama-PDO

Izinhlelo zethu zibandakanya lokhu okulandelayo:

- Ukuhlolisisa inhlalo yomphakathi
- Imihlangano yokucobelelana ngolwazi yokuhlomisa ababambiqhaza
- Ukuqwashisa umphakathi ngezinhlelo ezithile
- Ukweseka izinhlelo zePhalamende
- Ukubuyekeza nababambiqhaza okuba sekupheleni konyaka

Ukuhlolisisa inhlalo yomphakathi

Le yinqubo la amahhovisi ehlonza aphinde aqoqe ulwazi ngezinkinga, izidingo kanye nokuthinta umphakathi ukuze azise iPhalamende kanye nokuqinisekisa ukuthi okuhloswe yizimpokophelo zalolu hlelo kuyafezeka.

Imihlangano yokucobelelana ngolwazi yokuhlomisa ababambiqhaza

Inhloso yale mihlangano yokucobelelana ngolwazi ukuhlomisa ababambiqhaza nezinhlaka zomphakathi ngokuqonda nolwazi lwePhalamende kanye nezinqubo zomthetho, ukuze bekwazi ukubhekana nezindaba zomphakathi ezimayelana nePhalamende ngendlela ebonakalayo baphinde babambe iqhaza elibonakalayo ezinqubweni nasemisebenzini yePhalamende.

Ukuqwashisa umphakathi ngezinhlelo ezithile

Lolu hlelo kuhlinzeka amalungu omphakathi ithuba lokukhulumisana namaLungu ePhalamende kanye nezinye izinhlaka zikahulumeni mayelana nezinkinga zabo. Lezi zinkundla zizophinda zisetshenziselwe ukwazisa umphakathi, ziphathe imibono/igalelo kanye nembuyisambiko ezindabeni ezisePhalamende.

Ukweseka izinhlelo zePhalamende

Ama-PDO ahlinzeka ukweseka zonke izinhlelo zePhalamende ezifundazweni, kakhulu kuzona zombili iziNdlu zePhalamende, okuyilezi, iNdlu yesiShayamthetho kuZwelonke kanye noMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe kanye namaKomidi azo.

Ukubuyekeza nababambiqhaza okuba sekupheleni konyaka

Inhloso yalokhu kubuyekeza ukuhlinzeka ababambiqhaza kanye nemiphakathi esisebenze nayo ithuba lokuhlinzeka ngembuyisambiko nemibono ebe isisetshenziselwa ukuthuthukisa izinhlelo zethu. Ababambiqhaza abasezindaweni ezihlonziwe nabo bayamenywa.

UNGAXHUMANA KANJANI NATHI

I-CENTRAL PDO

Office 52, Good Hope Building,Parliament of RSA,
CapeTown, 8000
Inombolo yocingo: 021 403 3373 / 8215
Ifeksi: 021 403 3118
I-imeyli: pdo-info@parliament.gov.za

PDO LIMPOPO

One Stop Shop Centre, Ga-MatlalaThaba, 0756
PO Box 1516, Bakone, 0746
Inombolo yocingo : 015 227 0050/6
Ifeksi: 015 227 8900

PDO NORTHERN CAPE

9 Meul Singel, PO Box 754, Kakamas, 8870
Inombolo yocingo: 054 431 0508
Ifeksi: 054 431 1951

PDO NORTH WEST

Old Municipal Building / Old Governors House,
Phola Section, Ganyesa
PO Box 561, Ganyesa, 8613
Inombolo yocingo: 053 998 4262
Ifeksi: 053 998 4261

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

AMAHHOVISI EPHALAMENDE ABHEKELELA INTANDO YENINGI